- ukugxila ekusebenzeni ngokonga lapho khona kuyekwa umkhuba wokumba eqolo nxa kuthengiselwa uhulumeni njengendlela yokuzicebisa kwabathile;
- nokwenyusa izinga lokusebenza – lapho khona sikwazi ukwenza okuningi ngezimfanelo eziyingcosana.

UKUNCIPHISA UBUBHA KANYE NOKUDALA AMATHUBA OMSEBENZI

Leli su elisobala neselisetshenziswe kabanzi njengesikhali sokulwa nobubha selibe yisiphephelo sezomnotho wamazwe aseke akhahlamezwa amagalelo okwehla kwamandla omnotho. Imisebenzi Yomphakathi seyibe umhlahlandlela ekutakuleni ohulumeni abehlukahlukene emonakalweni obangelwa ukuwa komnotho, yaba nomnikelo ekuthuthukisweni kwamakhono, ekukhuliseni umnotho kanjalo nokushiya umphakathi ifa eliyinqalasizinda eyenziwe yaba ngcono.

Umnyango WezemiSebenzi Yomphakathi ugalela ekulweni nobumpofu kanye nokweswela imisebenzi ngokuthi:

- Kwelekelelwe umphakathi ekuzenzeleni impilo engcono. Lokhu kusho ukusebenzisa izindlela zokusebenza eziqasha abantu abanengi;
- Kusatshalaliswe izinhlelo zemisebenzi yomphakathi ezixhumene nokwandiswa kwengqalasizinda yokwesekela izidingo zomphakathi nokuthuthukiswa komnotho;
- Kube negalelo ohlelweni lukazwelonke lokusetshenziswa kwentsha nokwandiswa kwesibalo sentsha eqeqeshwayo (learnerships) ukuze sandise abantu abanamakhono nokuyokwenza intsha iqasheke;
- Kuqhutshwe Uhlelo Olunwetshiwe lwemiSebenzi Yomphakathi ukuze abantu bakithi bathole amathuba emisebenzi ngesikhathi kusizakala umphakathi;
- Kuqaliswe ngezinhlelo eziqondene ngqo nokuthuthukiswa kwamakhono, ukuqeqeshwa nokuqashwa kwabesifazane, intsha, abakhubazekile kanye namasosha amadala angekho ngaphansi kombutho wezempi kahulumeni;
- Nokugcizelela ukuhlangabezana nezidingo zikahulumeni nomphakathi ngobumqoka bazo lapho kwenziwa imisebenzi kahulumeni.

Ngaleyo ndlela siyobe senze konke okusemandleni ukuthi kuhlinzekwe okungumongo wezidingo ukuze kube nentuthuko eqhubekayo njalo.

Le nkulumo yesabelo-zimali yethulwa lapho sisanda kuphuma esikhathini sokwehla kwamandla omnotho emhlabeni wonke. Umnotho kumazwe ngamazwe uqumbeke phansi. Amabhangwe emibuso abesobozelwa yizimpisi kwezezimali. Ohulumeni bona benza amasu okutakula zona kanye lezi zimpisi. Izinhlelo zonke ziyathikamezeka. Ukukhetha ohulumeni bekuba nemiphumela elawulwa yisimo sezomnotho. Isimo sezombusazwe asinakho ukuzinza. Yebo, yizikhathi eziyindida ngempela lezi – ezingafaniswa nalezo zasengane kwaneni ethi Alice in Wonderland esiyizekelwa ngu Lewis Carol.

Lokhu ngokuwa kwamandla omnotho walelizwe kokuqala eminyakeni eyi -17 eyedlule. Yize izwe lakithi lenze kangcono kunamazwe amaningi ngenxa yenqubo yalo yezomnotho eyephusile, nokho umphumela bewunzima kakhulu. Le nkinga isidale ukuba kulahleke

imisebenzi eyizinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalolunye (900 000) futhi imindeni eminingi isaphunga ngezithebe yona lemiphumela yokwehla kwamandla omnotho. Nokho, kwelase Ningizimu Afrika akufananga nakwamanye amazwe ngoba izinhlaka zomnotho zisemi njengoba kade zinjalo. Ngenxa yenqubo yethu yokuphatha izimali ngokucophelela, iNingizimu Afrika ayibanga nayo inkinga yezikweletu futhi ayibanga nayo inkinga kwezamabhange. Eqinisweni Umqoqi Zintela kaHulumeni wethu ungenise imali eyeqile ngo R8,1 billion amarandi ngaphezu kwesibalo esibukeziwe somgomo izwe ebelizinqumele wona. Sithokozile kodwa lokho akusho ukuthi sesiphupha nasemini. Sisabhekene nomthwalo wokuba senze okuningi ngezimfanelo eziyingcosana.

KwaZulu-Natali silahlekelwe cishe yimisebenzi eyizinkulungwane ezingamakhulu amabili neshumi nesikhombisa (217 000) futhi njengoba asho uNdunankulu uDkt Zweli Mkhize ethula Inkulumo yesiFundazwe ukuthi balinganiselwa ku 3,5 izigidi zabantu abaswele ukudla. Lokho kusho ukuthi kunabantu abayi 3,5 wezigidi abangazi ukuthi bazolala kuse badleni. Kulesi simo ngeke sibe nethemba ngezisekelo zengomuso elingcono ngaphandle kokuthi senze konke okusemandleni ukuba sisebenzise ngokunakekela imali.

Okusemqoka Okumele Kwenziwe

Izidingo ezisemqoka okumele sizifeze njengomnyango zilawulwa ukudidiyelwa kwemigomo nezinjongo emazingeni kaZwelonke naweziFundazwe. Lezo zidingo ezisemqoka ezibalwe nguMengameli Zuma yimfundo, ezempilo, intuthuko yezindawo ezisemakhaya nezomhlaba, ukudalwa kwemisebenzi emihle, kanye nokulwa nobugebengu. Ngaphezu kwalokho uHulumeni uzibophezele ekwenzeni ngcono ukusebenza kohulumeni basekhaya, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nezezindlu. Konke lokhu kudinga ukwenziwa ngobudlelwano obungcono phakathi kwezigaba zonke zikahulumeni kanye nokuvumelana ezingeni lesiFundazwe kwabantu abahlukene ngokwezombusazwe, ngokwezinga lokuphila, indawo abakhe kuyo kanye nangobulili. Umnyango uyakubona lokhu futhi uzwakalisa ithemba lokuthi sonke sizokwazi ukubamba iqhaza kulomshikashika.

Somlomo, indima yoMnyango WezemiSebenzi Yomphakathi yehlukaniswe yaba yizinhlelo ezintathu. Zonke lezi zinhlelo zisebenza ngokuvumelana ukuze zikwazi ukufeza le migomo kanye nemiphumela esengiyishilo ngenhla. Lokhu singakufeza ngokuthi ngokwethembeka kunembeza wethu, sihlolisise umehluko phakathi kwemigomo ebekiwe kanye nemiphumela etholakele. Abantu bakithi kabafanelwe okungaphansi kwalokho.

Uhlelo 1: Ezokuphatha

Injongo esemqoka yalesi sigaba ukweseka uNgqongqoshe kanye neNhloko yoMnyango ngokweluleka maqondana nenqubo yokuphathwa kwezisebenzi kanye nezomthetho, ukuqiniseka ngezokuxhumana kanye nohlelo lokuphathwa kwemininingwane yolwazi, ukuhlinzeka ngokuphathwa kwezimali okuqondile.

Lolu hlelo lunezigaba ezimbili, okuyi Hhovisi lika Ngqongqoshe, Nezokuphatha.

Uhlelo 2: Ukuphathwa Nokunakekelwa Kwezakhiwo Nomhlaba kaHulumeni [Property Management]

Isigaba sezokuphathwa kwezakhiwo nomhlaba kahulumeni (Property Management Services) siyingxenye engumongo womsebenzi walomnyango. Injongo yalolu hlelo ukuhlinzeka kanye nokwelekelela ekuhlinzekweni kwezakhiwo zokusebenzela amakhasimende ethu, ukusetshenziswa ngokufanele impahla enganyakaziswa, ukwenza ngcono ukuhlinzekwa kwezidingo zabantu, ukusungula inqubo nokuhlola ukwenziwa komsebenzi. Lolu hlelo lubandakanya ukuqashwa kwezakhiwo kanye nokunqunywa kwentengo yomhlaba.

Uhlelo 3: Ukuhlinzeka Ngezakhiwo Nempahla Yokusebenza

Inhloso-ngqangi yalolu hlelo ukwakha nokuthenga izakhiwo, imisebenzi yezobunjiniyela kanye nokugcinwa esimeni esifanele kwezakhiwo njengokusho kweminyango kahulumeni engamakhasimende. Imisebenzi esemqoka yile:

- Ukwenzangcono ukufezwa kwezidingo zomphakathi ngendlela ehlangene uma kuhlinzekwa izakhiwo;
- Ukudala amathuba emisebenzi ngoHlelo Olunwetshiwe Lwemisebenzi Yomphakathi;
- Ukudala amathuba okuzithuthukisa kwezamabhizinisi kulabo akade bencishwe amathuba;
- Ukuqalisa nokuhlanganisa izinhlelo zokusebenza ngokubambisana;
- Ukudidiyela imisebenzi yokwakha ngokulandela imingcele kamasipala

Ukubukezwa Kwezinhlelo Zomsebenzi

Lapha ngizobika kafushane ngokusemqoka esikufezile kanye nenqubekela phambili eyenziwe uMnyango kanjalo nokuchaza ngezinsalelo nokusha okuvelile nendlela eya phambili.

UHLELO 1: EZOKUPHATHA

Ukuthuthukiswa Kwamakhono

Somlomo, njengoba sonke sazi, izwe lethu libhekene nenkinga yokwentuleka okukhulu kwamakhono. Ngakho-ke Umnyango Wezemisebenzi Yomphakathi usemkhankasweni wokucija ngamakhono afanele (technical) ukuze uhlangabezane nomgomo kahulumeni wokuthuthukiswa kwamakhono kanjalo nokunyuswa kwamakhono abasebenzi balomnyango.

Maqondana nalokhu bangu 582 abasebenzi abathole ukuqeqeshwa emikhakheni yokuthenga nokuphathwa kwezimali (supply chain and financial management), ukwengamela umsebenzi wokwakha (construction project management) Ezobuchwepheshe (Information Technology) kanye nezobudlelwano emsebenzini (labour relations).

Imfundo Yabadala Eyisisekelo (Adult Basic Education and Training)

Ukuqeda inkinga yokungakwazi ukufunda isiza izwe lonke, umnyango kanye nomuntu ngamunye. Okwamanje isibalo sabantu abangakwazi ukufunda emnyangweni singu 670. Njengamanje bangu 420 abafundi ababhalisele ukufunda ngaphansi kohlelo lwemfundo yabadala (ABET) futhi wonke amabanga aqhubeka kahle.

Umnyango uzoqhubeka nokuqinisa uhlelo lwe ABET ukuze kuqhubeke ukwehliswa kwesibalo sabantu abangakwazi ukufunda ngaphakathi emnyangweni.

Imifundaze Yabasebenzi

Ingu 98 imifundaze ekhishelwe abasebenzi bomnyango ukuze bazihlomise ngamakhono emikhakheni enhlobonhlobo.

Uhlelo Lwefenisha

Ukuze kuncishiswe izindleko kuye kwanqunywa ukuthi kumiswe ukuthengwa kwefenisha ngaphakathi emnyangweni. Ifenisha endala iyavuselelwa ukuze kube nesiqiniseko ukuthi bonke abasebenzi banayo ifenisha yokusebenza. Izimali ekade zihlelelwe ukuthi kuthengwe ngazo ifenisha zisetshenziselwa Uhlelo Lokufukamela Ezokuphathwa Kwezakhiwo kanye noHlelo Lokuthuthukisa Osonkontileka Abasafufusa olukade lungahlinzekwanga ngesabelo zimali kulonyaka wezimali ophezulu.

Ngesikhathi uNdunankulu ehambele kwenye yezindawo lapho kwakwakhiwa khona ngo Agasti 2009, waphakamisa ukuthi lolu hlelo lusatshalaliswe esiFundazweni sonke. Lokhu sekuqaliwe ngokubambisana noMnyango Wokuthuthukiswa Komnotho Nezokuvakasha.

Labo ababambe iqhaza ohlelweni ngabantu abakhubazekile futhi baqokwe ngokubambisana nabenhlangano yabakhubazekile i- Association for People with Disabilities. Uhlelo luyaqhutshwa ezifundeni zomnyango eThekwini nase Southern Region. Mabili amaqembu aseqeqeshiwe ekwakheni impahla ebaziwe njangamawashi, amabhokisi okugcina imvunulo ewubucwebe, nama frames. Umnyango Wokuthuthukiswa Komnotho Nezokuvakasha uzobekelelela ukuba basungule ama co-operatives.

Isigaba sesibili salolu hlelo sizosatshalaliswa kunyaka wezimali ka 2010/2011. Izifunda zasoThukela, Zululand, uMgungundlovu nase Dundee seziqokiwe njengezifanele ukungeniswa kwalolu hlelo kuzo.

Mhlonishwa Somlomo, labo ababambe iqhaza kulolu hlelo bakhona lapha namuhla futhi eminye yemisebenzi abayenzayo ikhangisiwe lapha ngaphandle. Nginxusa nonke enikhona ukuba nisekele lo mzamo wabo wokuzimela nokuzisiza.

Ukuzakha Nokuzenzela (Growing our own timber)

Izinhlelo zokuqeqeshwa emsebenzini kanye nemifundaze kuyaqhutshekwa nazo, kugxilise kakhulu ekuqasheni, ekuthuthukiseni kanye nokugcina emnyangweni ochwepheshe bemikhakha entula kakhulu abantu abaqeqeshiwe.

Ukuqasha Nokugcina Abasebenzi Abanamakhono

Bayi -8 abafundi abanemifundaze asebebothulile izifundo zabo nasebelindele ukuthunyelwa ezindaweni zokusebenza eMnyangweni uma izimali sezitholakala. Lesi sibalo sizokwenyuka ngo 21 ekupheleni konyaka wezimali u 2010/11. Bonke laba bafundi baneziqu zasenyuvesi emikhakheni yobunjiniyela kwezokwakha, mechanical, ugesi, ukudweba amapulani, kanye ne quantity surveying. Wonke lamakhono ayantuleka. Ukuqashwa kwalaba bafundi abanemifundaze azosiza ukukhulisa amandla okusebenza ngaphakathi eMnyangweni WezemiSebenzi Yomphakathi.

Uhlelo Lokuholelwa Kochwepheshe (OSD)

Uhlelo Lokuholelwa Kochwepheshe emkhakheni wezokwakha lwavunywa ukuze ngalo kuhehwe abanamakhono kule ndima. Lokhu kuhlinzekiwe ngezimali futhi sekuqalile ukwenziwa.

Uhlelo Lwemifundaze Nokuqeqeshwa Emsebenzini

Umnyango ukhiphe imifundaze engu 43 kubafundi abasezikhungweni zemfundo ephakeme ezahlukahlukeni abenza izifundo eziphathelele nezokwakha. Njengomnikelo walo Mnyango ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya, abayi 10 kulabo bafundi bavela ezindaweni zasemakhaya.

Bayi 10 abaqeqeshelwa emsebenzini emikhakheni ye- architecture, nobunjiniyela be mechanical, electrical kanye ne quantity surveying. Kukhangiswe ngemifundaze yonyaka ka 2010 futhi zingu 345 izicelo ezamukeliwe. Ziyacutshungulwa njengamanje.

Mhlonishwa Somlomo, lokhu ezinye zezibonelo zokuzenzela engangibhekise kukho enkulumeni yami yesabelo-zimali yangonyaka owedlule.

Umnyango uhlose ukuluqinisa ngamandla uhlelo lwabaqeqeshelwa emsebenzini (learnership and internship) ukuze uzihlinzeke ngamakhono adingeka kakhulu emkhakheni wezokwakha. Kuzoqhutshekwa nohlelo lwemifundaze yalokho, kugxilwe ekuqasheni, kuthuthukiswe futhi kugcinwe ochwepheshe bamakhono osekubonakele ukuthi ayantuleka. Zizobe zilokhu zifunwa izindlela namasu okuheha labo abasemkhakheni wezokwakha.

Umnyango ufisa ukuqasha labo abanemifundaze abayi 8 ngaphansi kohlelo lokuqeqeshwa emsebenzini kulo nyaka ka 2010/2011.

Ukunciphisa Izindleko

Ngokulandela ukuncishiswa kwesabelo zimali zesifundazwe ngo 7,5% Umnyango WezemiSebenzi kuye kwadingeka ukuthi uphungule isabelo zimali sika 2009/10 ngo R16, 654 wezigidi zamarandi. Isabelo sincishiswe ngendlela yokuthi kungathikamezeki abaqashwa kanye nokukhokhela imisebenzi eyenziwe.

Ukunciphisa Izindleko Ezingenasidingo Ukuze Kwenziwe-ngcono Ukufezwa Kwezidingo

Ngonyaka odlule ngakhuluma ngokuthi kwenziwe okuningi ngemali encane.

Ngifisa ukuncoma abasebenzi boMnyango ngokufeza leso sethembiso esasenza enkulumeni Yesabelo Zimali yangonyaka odlule ngokuthi sikwazi ukunciphisa izindleko ezingenasidingo. Mhlonishwa Mphathisihlalo, uMnyango ukwazile ukonga imali eyevile ngo R22 494 wezigidi zamarandi ngokuhlephula isabelo kulezo zinto ezidala izindleko njengokudla, izindawo zokuhlanganela, ukukhangisa, nezindleko zokuhamba, ukuqeqesha, kanye nokuthengwa kwempahla yokusebenza.

Ukuqedwa Kokukhwabanisa Nenkohlakalo

Njengoba omunye wemisebenzi esemqoka yoMnyango WezemiSebenzi Yomphakathi kungukuthenga nokwenza izivumelwano zemisebenzi yokwakha, okubandakanya ukusebenzisana nezinkampani eziningi ezahlukahlukeni, ngakho uMnyango uhlala ubhekene nenselelo yokukhwabanisa nenkohlakalo. Ngakho-ke ukunciphisa ingozi yokulahlekelwa izimali kungumsebenzi osemqoka walo Mnyango.

Inqubo Yokuvimbela Ukukhwabanisa Nenkohlakalo seyikhona ngokunjalo nethimba elibhekele Ukuvimbela Ukuxhaphazeka Kwezimali Nokulandelwa Komthetho. Leli thimba lisebenza ngokubambisana neHhovisi Lezikhalo LikaMengameli. Minyaka yonke kuyahlaziywa izimbangela zokuxhaphazeka kwezimali. Ungqongqoshe walo Mnyango unohlelo lokuxhumana lwe e-mail oluvulekele abasebenzi nomphakathi ukuthi uxhumane naye uma befisa ukubika umonakalo abawubonayo.

Kunobambiswano phakathi koMnyango nabengalo yomthetho futhi izivumelwano zokusebenzisana sezenziwe. Labo abephula umthetho bathathelwa izinyathelo eziqinile. Ziyi -9 izikhulu zomnyango esezixoshiwe ngezenzo zokukhwabanisa nenkohlakalo. Umnyango usufake enye yezinkampani ohlwini lwalabo abangasavumelekile ukusebenzisana nohulumeni njengokusho komthetho u-Regulation 15 of Preferential Procurement Framework Act.

Kugunyazwe uphenyo olunzulu nolubanzi ekukhishweni kwezinkontileka zokwenza umsebenzi, ukulawulwa kwezinkontileka, kanye neqhaza elibanjwe yizikhulu zoMnyango ngonyaka wezimali u- 2009/10. Lolu cwaningo seluzophethwa. Njengamanje mane (4) amacala obugebengu asebenzi emaphoyiseni mayelana nezinkampani zibambisene nabasebenzi bangaphakathi eMnyangweni abasolwa ngezenzo zokukhwabanisa okunhlobonhlobo okubandakanya “ukunquma amanani aphezulu kakhulu”, ukufaka kuze kube kabili incwadi yokukhokhelwa (Invoice), nokufaka incwadi yokukhokhelwa (Invoice) yenani elingaphezulu kwalelo okuvunyelwene ngalo (over-invoicing).

Ngeke ngikwazi ukusho okungaphezu kwalokho mayelana nalamacala ngoba asesezandleni zabomthetho manje, kodwa ngingasho ukuthi lezi zinkampani zizolandelwa ngokohlelo lomthetho wamacala obugebengu nawombango lapho kuyobuyiswa konke umnyango olahlekelwe yikho. Lolu phenyo seluvumbulule amanyundululu okukhwabanisa, ukwenzelwa ngabanye umsebenzi (fronting) nokukhwabanisa imibandela yama contracts - okuthela ngamachaphazelo ezinye izinkampani ezibonakala zenza lemikhoshosho ngokubambisana nezikhulu zomnyango. Njengoba luya ngokuvuthwa lolu phenyo,

ngenelisekile ukuthi ithimba labaphenyi lizobalandela ngomdlandla abakhwabanisi futhi baboshwe.

Ukukhuthaza Ukuziphatha Ngokwethembeka

Iyi -8 imihlangano eyenziwa uMnyango yokukhuthaza ukuziphatha ngokulandela Umbhalo Wokusebenza Ngokuzinikela Nokwethembeka.

Ukudalula Isimo Ngezimali Nokwethembeka (Financial Disclosure and Ethics Survey)

Zonke izisebenzi ezisemazingeni okuphatha, ezisebenza ngezimali nokuthenga impahla sezicwalisile zaletha amafomu okudalula isimo sezimali zazo, futhi lezo ezisemazingeni okuphatha aphezulu (SMS) zinikeze izimpendulo zophenyo ngokwethembeka (Ethics Survey) olwenziwe uMnyango Wezezimali Wesifundazwe (KZN Provincial Treasury).

Ngokulandela umyalo kaNgqongqoshe, uMnyango uyalele bonke abasebenzi ukuthi balethe amafomu okudalula isimo sabo sezimali.

UHLELO 2: UKUPHATHWA KWEZAKHIWO NOMHLABA KAHULUMENI

Ukuqalisa Ukusebenza KoMthetho Wokuphathwa Kwempahla Enganyakaziswa (GIAMA)

Ukushaywa komthetho i- GIAMA ngo Novemba 2007 kwakusho ukuthi izifundazwe zizilungiselele ukuba uqale ukusebenza ngonyaka ka 2010. Umthetho i-GIAMA kuhloswe ngawo ukuba kuqinisekiswa ukuthi izakhiwo zigcinwa zisesimeni esihle futhi zingawohloki. Kubeka emahlombe eminyango engamakhasimemnde ukuba ihlinzeke isabelo zimali zokunakekelwa kwezakhiwo ezisebenzisayo.

Sekwenziwe ukuqeqeshwa kwayo yonke iminyango eyi-16 ngokuqala kokusebenza komthetho i-GIAMA. Kuhlala kunemihlangano eqhubekayo phakathi koMnyango naleyo minyango engamakhasimende.

Uminyango uzoqhubeka nokuhlomisa iminyango ukuba ilungele ukuqalisa ukusebenza komthetho i-GIAMA futhi uzohlinzeka nangokuqeqesha kokuvuselela uhlelo lokulekelela iminyango engamakhasimende maqondana nalokhu. Izinhlelo Zokuphathwa Kwezakhiwo

Yiminyango Engamakhasimende (User Asset Management Plan) eziyisihlanu ezenziwe ngonyaka wezimali odlule beziwukuzwa amanzi ngobhoko nokuzosiza uma sekuhlanganiswa uhlelo oluzolandelwa yibo bonke abathintekayo. Ngenxa yokuthi akukho zimali ezihlizelwe lokho, lolo hlelo luzolungiswa abasebenzi baleyo minyango engamakhasimende ngendlela ababona ngayo. Ukuqalisa ukusebenza komthetho we GIAMA akunasabelo zimali yize uMnyango wenzile isicelo sezimali nokho uzoqhubeka nezingxoxo mayelana naleso sicelo.

Irejista Yempahla Enganyakaziswa

Ukubukezwa kwe Rejista Yempahla Enganyakaziswa kuyaqhubeka njalo. Isibalo sempahla ebhalisiwe njengamanje yi-11 036. Umnyango uyaqhubeka nokuzanelisa ngesimo sempahla kanye nokwenziwa ngcono kwayo. Ngakho-ke ngiyaziqhenya ngokubika ukuthi Irejista Yempahla Enganyakaziswa yesiFundazwe isiseqophelweni elingu 80% lokufezwa kwemibandela yomthetho i-GIAMA kanye noMnyango Wezezimali kuzwelonke, okungaphezulu kakhulu komgomo ka 35% obekelwe zonke iziFundazwe.

Intengo Yempahla Enganyakaziswa (Valuations)

Umnyango uzoqhubeka nokubukeza iRejista ngokohlu lwentengo lukamasipala. Abanye omasipala namanje abakabi nalo loluhlu, ngakho ukubukeza impahla ekulezo zindawo kuyoqala uma selutholakele uhlu lwakhona. Kuzoqhutshekwa nokubheka ukuthi zonke izindawo ezibhalisiwe kuRejista ezifanele ukhokha intela yomhlaba (rates) inqunyiwe yini intengo yazo.

Ukuthengiswa Kwempahla Enganyakaziswa Kahulumeni

Umnyango sewuthole imvume yeKhabhinethi ukuba uthengise umhlaba nezakhiwo ezingu - 96 zikahulumeni wesiFundazwe okuyizindlu zasemalokishini aziwa ngokuthi R293, izindlu zawongqongqoshe, izindlu ezikade zingezamanxusa asemadolobheni kanye nemihlaba (sites) okungakhiwe kuyo. Le mpahla uHulumeni wesiFundazwe awuyidingi. Kulindeleke ukuthi ukuthengiswa kwalempahla kungenise imali elinganiselwa ku R80 wezigidi zamarandi. Le mpahla izothengiswa ngamanani asemakethe amanje. Lokhu kuzoqhubeka nakunyaka wezimali u 2010/2011.

Ukukhokwa Kwentela Yomhlaba Nezakhiwo kukaMasipala (Municipal Property Rates)

Sekuphele unyaka kusukela ukukhokhwa kwentela yomhlaba nezakhiwo kususiwe kuhulumeni kazwelonke kwehliselwa eminyangweni yemisebenzi yomphakathi ezifundazweni, futhi ziningi izingqinamba ezivelile.

Nakuba uMnyango Wezimali kaZwelonke bewabele uMnyango wethu u R236 wezigidi zamarandi ukuze kukhokhwe intela yomhlaba, leso sabelo besinganele ukuba kukhokhwe yonke imali ekweletwa omasipala kwaZulu-Natali. Nokho-ke uMnyango sewucele imali eyengeziwe engu R221 wezigidi zamarandi eMnyangweni Wezimali kaZwelonke, ngakho usalindele umphumela wesicelo leso.

Sesicishe siphatelele isibalo sezisebenzi okumele ziqashwe Isigaba Sentela Yomhlaba, futhi lokho kuzoba nomthelela ekuthuthukiseni ukusebenza kahle komnyango.

Umnyango uzoqhubeka nokuxhumana noMnyango Wezemisebenzi kaZwelonke nowezimali kaZwelonke mayelana nezinkinga zezimali ezashiwo ngonyaka wezimali u-2009/2010 mayelana ne Property Rates Conditional Grant eyabe inganele kusukela uqala lomsebenzi ukwenziwa yiziFundazwe.

Ukufakwa Ngaphansi kukaHulumeni Kwemihlaba Nezakhiwo (Vesting of Properties into State Ownership)

Umnyango uyaxhumana noMnyango Wentuthuko Yezindawo Ezisemakhaya ukuze kuxazululwe izinkinga eziphazamisa ukufakwa ngaphansi kukahulumeni kwempahla kaHulumeni waKwaZulu wakudala ekulezo zindawo ezibhaliswe ngohlelo lwe-Ingonyama Trust, Umnyango Wezemihlaba, South African Development Trust noma kumasipala waleyo ndawo.

Udaba olungakaphothulwa lokwedluliswa ngephutha kwendawo eyabe ingaphansi kukaHulumeni waKwaZulu omdala ifakwa ngaphansi kwe-Ingonyama Trust luzolandelwa noMnyango Wentuthuko Yezindawo Zasemakhaya kulonyaka wezimali u-2010/11 ngenjongo yokuluphetha lolu daba.

Uhlelo Lokufukamela Abangena Kwezokuphathwa Kwezakhiwo Nemihlaba: Ungasali (Property Incubator Programme)

Abantu abamnyama, ikakhulukazi abesifazane, kuyabonakala ukuthi baseneqhaza elincane kakhulu abalibambile kulo mkhakha webhizinisi lezakhiwo nemihlaba. Lokhu kuseyingxenywe

yezinsalela zobandlululo lapho khona abantu abamnyama babengenalo igunya lokuvota futhi bengavunyelwe ukuba ngabanikazi bomhlaba, impahla nezakhiwo. Umphumela walokho waba ngukushiya ngaphandle emnothweni wezemihlaba nezakhiwo, okungaba njengomnikazi noma njengo somabhizinisi. Lokho kwaba nomphumela wobunikazi bomhlaba obugwegwile, nokwashiya izigidi zabantu abamnyama bengenawo umhlaba.

Uhlelo Lokufukamela Abangena Kwezokuphathwa Kwezakhiwo Nemihlaba lwasungulwa ukuze kwande isibalo sabanamakhono kulomkhakha emphakathini okade uncishwe amathuba kuqala. Nginentokozo ukumemezela ukuthi lolu hlelo luqaliwe ngo Agasti 2009. Kunabangu 63 abaphuma entsheni, abesifazane, nama Military veterans, kanye nabakhubazekile. Isigaba sokuqala sokuqeqeshwa sesiphothuliwe. Isigaba sesibili sizozhubeka ngonyaka wezimali ka 2010/2011. Emuva kokunikezwa ulwazi lokufunda, abafundi bazotshalwa ezindaweni ezizimele ukuze bathole ukuqeqeshwa ngokwenza.

Ngokuzibophezela koMnyango ekwenzeni umnikelo emisebenzini esemqoka ekhonjwe uhulumeni kaZwelonke nowesiFundazwe ngokuthuthukisa amakhono ngendlela ebonakalayo, ababambe iqhaza kulolu hlelo bazonikezwa izitifiketi ze New Venture Creation: Level 4 (SMME), esikunikeza amaphuzu angu 215 kumfundi ophothule ngempumelelo lolu hlelo. Isu lokungenisa emkhakheni weze property market labo asebephothulile ukuqeqeshwa lizolungiswa kulonyaka ka 2010/2011.

Uhlelo Izandla Ziyagezana (IZ)

Lona ngumzamo ongaphansi kohlelo lwe EPWP. Kuhlomula kulo abahlwempu abaqashwa isikhathi esiwunyaka ukuba bacabe imihlaba kahulumeni okungakhiwe kuyo bakhokhelwe ngezilinganiso ze EPWP. Okunye ezintweni ezinhle ngalolu hlelo ukuthi abaqashwe kulo basebenza isikhathi esiyizinyanga eziyi -12.

Lolu hlelo luyasebenza njengamanje kulezi zifunda ezilandelayo:

Ugu, Amajuba, Uthungulu, Umgungundlovu, Uthukela, Zululand, Umzinyathi, kanye nase Vulamehlo, lapho kuqashwe khona abangu 81 ukuba bakhuculule izindawo okungakhiwe kuzo zikahulumeni wesiFundazwe bebe behlala ezindaweni zabo.

Lolu hlelo luzozhubeka ngokwesabelo zimali esikhona. Umnyango uhlose ukulungenisa esiFundazweni sonke lolu hlelo ngonyaka ka 2010/11.

Uhlelo LukaNdunankulu Lokusebenza Ngokubambisana [Provincial Flagship Programme]

Umnyango ubambe iqhaza ohlelweni lwesiFundazwe olukhuthaza ukuba kulinywe izivande njengendlela yokwenza kutholakale ukudla emphakathini osweleyo. Zine (4) izivande eziqaliwe kunyaka ka 2009/10.

UHFLELO 3: UKUHLINZEKA NGEZAKHIWO NEMPAHLA YOKUSEBENZA

Ukuhlinzeka Ingqalasizinda Yezakhiwo Nendawo Yokusebenzela

Ngokohlelo lwaminyaka yonke lokuthuthukisa ukuhlinzekwa kwengqalasizinda (IDIP) oluhlanganisa zonke izidingo zeminyango engamakhasimende esezibekelwe imali eceleni (IPIPs) umnyango usulungise konke kwama ngomumo ukuze kuqalwe ukwakhela Umnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, Ezemfundo kanye nowezeMpilo ngekwata yonyaka yokuqala njengoba kwakulindelwe ngo 2009/10.

Ukuhamba phambili ngamalungiselelo kuwusizile umnyango ukuthi wenze ngcono ekulawuleni izilinganiso zokusebenza kwemali ngendlela ehlelekile ukuze kugwenywe ukusetshenziswa kwemali eningi ngesikhathi esincane uma sekuzogqwa unyaka wezimali.

Imizamo izokwenziwa ukuba ligcineke leli zinga futhi kwedluliselwe nakweminye iminyango engamakhasimende ethu. Umnyango futhi ukwazile ukwenza ngcono uhle lwe IDIP ngokumisa izinhloko zokuhlola ukwenziwa komsebenzi (monitoring structures), kanye nokubukeza ukuklanywa kwezindima zomsebenzi (business mapping process).

Izinkinga ekufinyeleleni emigomeni yokwenza umsebenzi ngesikhathi sawo zingasohlangothini losonkontileka abangenzi kahle, ukuqashwa kwama project managers ukuze umnyango ube namandla okusebenza, kanye nesidingo sokwenza ngcono indlela yokwethula umbiko ngokuqhubeka kwama project.

Ukuhlinzekwa Kwengqalasizinda

Amagumbi okufundela angu 99 (92%) kanye nezindlu zangasese ezingu 329 (97%) kwakhiwe kwaqedwa ngaphansi komgomo ongu 108 wamagumbi kanye no 338 wezindlu zangasese obubekelwe unyaka wezimali ka 2009/2010. Amagumbi okufundela angu -9 nezindlu zangasese ezingu -9 kuzoqedelwa ngekwata yokuqala yonyaka wezimali ku 2010/2011.

Imitholampilo engu 32 nezibhedlela ezingu 18 sezakhiwe zaphela. Lena yimisebenzi ethatha iminyaka eminingi ngakho-ke imitholampilo engu 45 kanye nezibhedlela ezingu 36 ziyoqedelwa eminyakeni yezimali ezayo.

Ngokwemibandela yesabelo zimali soMnyango Wezempilo, ukuvuselelwa kwezibhedlela ezingu -3 kanye namakhaza kwakhiwe kwaqedwa ngesikhathi esifanele.

Umnyango uzokhuthaza impumelelo eyenzeke ngokuthola kusenesikhathi esanele izabelo-mali zomsebenzi wokwakha eminyangweni engamakhasimende ebambe iqhaza kulelisu le IDIP. Umnyango uzogxila ekusabalaliseni lelisu nakweminye iminyango engamakhasimende futhi uzokwelekelela ngobuchwepheshe obudingekayo lapho kwenziwa amapulani omsebenzi weminyaka eminingi. Ngaphezu kwalokho uMnyango usuqhamuke nelineye isu elibizwa ngokuthi yi Envelope Management Approach lokuhlinzeka ngengqalasizinda.

Uhlelo Lokuthuthukiswa Kosonkontileka Abasafufusa – Masakhe (ECDP)

Kuze kube manje, cishe bayi 5 200 osonkontileka asebebhalisile kulolu hlelo kubona isibalo esingu 85% baseqophelweni lokuqala kwa CIDB.

Ngonyaka wezimali u 2009/10 bangu 132 abesifazane nentsha abnezinkampani zabo abahlomulile ohlelweni lwe Fixed Rate Period Contract ngesikhathi kwenziwa imisebenzi yokwakha engu 213.

Bangu 279 osonkontileka abafundiswa ukugcwalisa amafomu eTender, inqubo yakwa Supply Chain Management, njalo njalo.

Osonkontileka abangu 40 bayingxenye yohlelo lokuqeqeshelwa emsebenzini ezingeni lika NQF 4.

Osonkontileka abangu 38 bathole ukuqeqeshwa ezingeni lika NQF 2.

Osonkontileka abangu 8 bafundiswa ngokubonela kuchwepheshe emsebenzini njengesiqalo salolu hlelo.

Uhlelo Lokusetshenziswa kwama Professional

Phambilini uMnyango ubusebenzisa uhlu lapho uqasha ama professional azokwenza umsebenzi wokuhlinzeka ingqalasizinda. Le ndlela ibinamaphutha ngokuthi bekugidagida ama professionals angaqhamuki emphakathini owawunganikiwe amathuba esikhathini esiphambili adingwa wumthetho i- BBBEE. Uhlelo lokuqashwa kwama professionals (PSP) lwethuliwe ngo Julayi 2009 ukuze kubhekwe kangcono imigomo ye BBBEE kanye nokusetshenziswa kwalezo zigaba zomphakathi ezibekwe emqoka nguhulumeni

njengabesifazane nentsha. Luqalile ukusebenza ngo Agasti 2009 futhi kuze kuzoba yimanje sekuqashwe abangu 262.

Umnyango uhlose ukwandisa ukusebenzisa ngalolu hlelo labo ababengatholanga amathuba phambilini nokuqala uhlelo lwama consultants (Emerging Consultants Programme). Umnyango ulungiselela ukuqhubeka nezinkontileka ezingaphansi kwe Building Construction Fixed Rate Period futhi uqale nohlelo lwezinkontileka ze Electrical Plumbing and Mechanical Fixed Rate Period ukuze kwande isipiliyoni somsebenzi kosonkontileka abasafufusa.

Uhlelo Olunwetshiwe Lwemisebenzi Yomphakathi (EPWP)

Inani lamathuba omsebenzi adalekile ngonyaka ka 2009/10 lalingu 21 256 okungaphezulu komgomo ongu 20 000.

Bangu 1499 abathole ukuqeqeshwa phansi kohlelo lwe Further Education and Training (FETs).

Umnyango uzoqhubeka nesigaba sesibili sohlelo lwe EPWP inhloso-ngqangi yalo engukudala isibalo esikhulu semisebenzi. Inhloso yesibili yohlelo kuzoba ukuhlinzeka uqeqesho kwezamabhizinisi nezindlela zokuziphilisa, kanye nokulungisela umfundi azophuma akwenze uma esephothulile.

Ukuze kwenziwe ngcono iqophelo lo hlelo, umnyango uzogxila kulamasu alandelayo:

- Ukuphucula umgudu wokuvunywa kwezicelo zabafuna ukuqeqeshwa esigabeni sesibili (Phase 2) sohlelo lwe EPWP yilabo esibambisene nabo okunguMnyango Wezomsebenzi (Labour Department) kanye nokusungulwa kobudlelwano obusha nabaxhasi ngezimali;
- Ukugqugquzela ukulethwa kusenesikhathi esanele kwezidingo zeminyango engamakhassimende ukuze kubonakale inani elikhulu lemisebenzi engangeniswa ohlelweni lwe EPWP; kanye
- Ukuqinisa ukudidiyelwa kwabahlomulayo ku EPWP bengeniswa ku Masakhe okuluHlelo Lokuthuthukiswa Kosonkontileka Abasafufusa (ECDP) njengesu lokubhekela umfundi azophuma akwenze.

Uhlelo lukaZwelonke Lwemisebenzi Yentsha

(National Youth Service Programme)

Ingu 600 intsha engabafundi ebuthiwe kulolu hlelo. Kuze kube manje uMnyango sewuqeqeshe abafundi abangu 230 ekubekeni isitini nokupulasitela, nabafundi abangu 60 ukusebenza ngepulangwe. Intsha engu 40 engosonkontileka kuMasipala Wesifunda iSisonke yaqeqeshwa njengengxenywe yo Hlelo Lokufundela Emsebenzini Wokwakha.

Abafundi bokugcina kulomkhakha bagcine ngo Disemba 2009 futhi bonke abafundi bazonikwa izitifiketi yi –Construction Contracting and Training Authority. Umkhosi wokwemukela izitifiketi uzokwenziwa uma nje izitifiketi sezikhishiwe yi CETA.

Abangu 30 kubafundi abaqeqeshwe kulolu hlelo sebesebenza ngokuphelele ezinkampanini zokwakha lapho kade beqeqeshwa khona.

Isigaba sesithathu soHlelo Lwemisebenzi YeNtsha (NYSP) sizoqhutshwa ngonyaka ka 2010/2011 uma izimali zikhona zokwenza lokho. Isiphakamiso sokwabelwa izimali eziqondene nalokho sethuliwe eMnyangweni Wezomsebenzi ngo Apreli 2009 futhi nxa izimali sezitholakala, ziyosetshenziswa ukuba kuqalwe isigaba sesithathu salolu hlelo.

Sekubekwe umgomo wesibalo esingu 120 sabazobamba iqhaza kunyaka ka 2010/11 futhi ukuqeqesha okuzobe kwenziwa ngama FET Colleges kuzogxila ekubekeni isitini nokupulasitela, ukufakela amapayipi kanye nokusebenza ngepulangwe. Ukuqeqeshwa kuyohlonishwa ngokusemthethweni yi Consruction SETA futhi kuhambisane nemigomo ye NQF (National qualifications Framework).

Umnyango Wokubambisana Kukahulumeni Nezindaba Zendabuko (DGCTA) kuyaxoxiswana nawo ukuba wemukele asebephothulile komasipala njengeqhinga lokulungiselela abaqeda ukuqeqeshwa. Umbhalo Wokubambisana selubhaliwe udladla lwawo uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ukuze kube nesiqiniseko sokuqala ukusebenza kwesivumelwano esikhona phakathi kwale minyango yomibili.

Ukuxhumana Nalabo Umnyango Osebenzisana Nabo kanye Nompakathi

Ukuxhumana phakathi koMnyango nalabo abazimele osebenzisana nabo (stakeholders) kusemqoka ekwenzeni ngcono izinga lokufezwa kwezidingo. Umnyango ususungule izigcawu zosonkontileka ezingeni lesifunda nelesiFundazwe. Kudingekile futhi ukuthi kube nesigcawu sabanikazi bezakhiwo ukuze kube nokusebenzela obala. Izingqungquthela zaminyaka yonke zeNtsha nabesifazane abasembonini yokwakha nokunakekelwa kwezakhiwoziyamenywa umnyango.

Konke lokhu kuzoqhutshekwa nakho ngonyaka wezimali u2010/2011.

ISIPHETHO

Enkulumeni Yesizwe uMengameli Zuma wamemezela ukuthi unyaka ka 2010 uzoba ngonyaka wokusebenza futhi noNdunankulu waKwaZulu-Natali wacela ukuba sakhe ikusasa elingcono ngokubambisana. Unyaka ka 2010 umenyazelwe yiqembu elibusayo uKhongolose njengonyaka wokufezwa kwezidingo zabantu.

Lokhu kusho ukuthini eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi? Kubiza ukuthi uMnyango ukwenze ojutshelwe khona okungukuthuthukisa ingqalasizinda nokuphathwa kwezakhiwo ngokucacile, ngesikhathi esifanele, nangokonga imali.

Lokhu kudinga uhlobo olusha lwesotsha elizinikele ekusebenzeleni umphakathi. Kudinga amasotsha azimisele, nakwaziyo ukubhekela izidingo zomphakathi oyizakhamizi. Kubiza ukusebenza ezingeni eliphezulu nangokuzikhandla.

Umnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uyazibophezela ekuthini zonke izinhlelo zawo zomsebenzi zizophawuleka ngokuzinikela, uthando, nokusebenza kanzima.

Uma sengiphetha Mphathisihlalo, ngithanda ukuzwakalisa ukubonga kwami kuNdunankulu uDkt. Zweli Mkhize nesibambisene nabo kuKhabhinethi kanye nozakwethu kuSishayamthetho ngokungeseka nangosizo. Ngizwakalisa ukubonga kwami futhi kwiNhloko YoMnyango uDokotela Madlopha kanye neziphathimandla nabasebenzi bonke boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi abenze ngakwazi ukusebenza nginolwazi olwenele. Ngiyokuthokozela ukusebenza nabo nangesikhathi esizayo futhi ngiyakholwa ukuthi ngokubambisana singenza okuningi. Ngizwakalisa izwi lokubonga emakomitini aqaphe ukusebenza kukahulumeni ngokungeseka nangokusola ngendlela yokwakha. Ngibonga futhi nakubasebenzi behhovisi likaNgqongqoshe nabesigaba sezokuxhumana ngokusebenza kwabo ngokuzinikela.

Ngithanda futhi ukubonga umndeni wami ngokungeseka kwawo futhi ngibonga ngokukhethekile ku Charm Govender ngezeluleko nosizo lwakhe.

Mphathisihlalo, kuyintokozo kimi ukuba ngethule Inkulumo Yesabelo Zimali sika 2010/2011 ukuba semukelwe kanje:

Uhlelo 1: Ezokuphatha = R218 509 izigidi

Uhlelo 2: Ezokuphathwa Komhlaba Nezakhiwo = R293 859 izigidi

Uhlelo 3: Ukuhlinzeka Izakhiwo Nempahla Yokusebenza = R355 846 izigidi

Isamba: = R868 214 izigidi



**DEPARTMENT OF PUBLIC WORKS
UMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI
PROVINCE OF KWAZULU - NATAL ~ ISIFUNDAZWE SAKWAZULU - NATALI**

Inkulumo Yesabelo Zimali Sonyaka ka 2010 - 2011



‘Ngokubambisana singena okuningi nokungcono’

ISBN Number: 978-0-621-39303-3

PR121/2010